ZWAKALISA UVO LWAKHO

IKomidi leNdlu yesiShayamthetho sikaZwelonke kwezaBasebenzi limema abantu kanye nababambiqhaza abanentshisekelo ukuthi bathumele ukuphawula okubhaliwe ngezingxenye zemithetho, inhloso yokuchitshiyelwa kwengxenye yomthetho ngayinye ichazwe ngezansi:

UMTHETHOSIVIVINYWA WEMIHOLO EMINCANE KUZWELONKE I-NATIONAL MINIMUM WAGE BILL [B 31 - 2017]

Ukuhlinzekela imiholo emincane kuzwelonke; ukusungula iKhomishana ye-National Minimum Wage; ukuhlinzekela ukusungulwa nokusebenza kweKhomishana ye-National Minimum Wage; ukuhlinzekela ukubuyekezwa nokulungiswa kwaminyaka yonke kwemiholo emincane kuzwelonke; ukuhlinzekela ukungakhokhi iholo elincane kuzwelonke; ukuhlinzekela izinhlizeko zesikhashana kubasebenzi basemapulazini kanye nabasebenzi basezindlini; kanye nokuhlinzekela izindaba ezifana nalezi.

UMTHETHOSIVIVINYWA OCHIBIYELA UMTHETHO WEZIMISO EZIYISISEKELO ZOKUQASHA [B 30 - 2017]

Ukuchibiyela uMthetho weziMiso Eziyisisekelo zokuQasha, 1997, ukuze kususwe bese kufakwa izincazelo ezithile; ukuhlinzekela ukukhokhwa komholo wansuku zonke okwenzeka kwabanye abasebenzi; ukuchitha ukuhlinzekela okukhuluma ngokuhlukana kwemikhakha kanye neKhomishana yeziMiso zokuQasha; ukwengeza igunya leKhomishana yokuBuyisana, ukuNgenelela nokwaHlulela i-CCMA; ukwengeza ukuhlinzekela kokuqapha nokusetshenziswa komthetho abahloli bezabasebenzi ukubandakanya nokusetshenziswa kokuhlinzekelwa uMthetho wemiholo emincane kuzwelonke i-National Minimum Wage Act, 2017, uMthetho woMshwalense wokungaSebenzi kanye noMthetho weziNkokhelo zoMshwalense wokungaSebenzi; ukuhlinzekela izicelo zokukhokhelwa kulabo abakhokhelwa imali engaphansi kwefanele; ukuhlinzekela izinhlelo zesikhashana zokulawula ukuhlukana kwemikhakha okusebenzayo njengamanje kanye nokuqinisa ukuxoxisana ndawonye ngemikhakha elawulwa ukwehlukana kwemikhakha; kanye nokuhlinzekela izindaba ezifana nalokhu.

UMTHETHOSIVIVINYWA OCHIBIYELA UMTHETHO WEZINDABA ZABASEBENZI [B 32 - 2017]

Ukuchibiyela uMthetho weziNdaba zabaSebenzi, 1995, ukuze kuhlinzekelwe inqubo kaNgqongqoshe ngaphambi kokuthi uNgqongqoshe aphoqeke ukuthi engeze isivumelwano esithathwe ngokuhlanganyela njengoba kushiwo eMthethweni; ukuhlinzekela ukuvuselelwa nokwengezwa kwezivumelwano zoxhaso lwezimali; ukuhlinzekela ukuthi bakwazi ukutoyitoya ngesivumelwano esithathwe

ngokuhlanganyela noma ngokubona kweKhomishana yokuBuyisana, ukuNgenelela nokwaHlulela ngokulandela imigomo yokutoyitoya; ukuhlinzekela ukuhlelwa kosizo oluncane olulungisiwe noma olubonakele; ukwengeza incazelo yebhalothi ukuze kufakwe nakuphi ukuvota okwenziwa amalungu esithe; ukuhlinzekela ukuzimela kukanobhala omkhulu kanjalo nesekela lakhe; ukuhlinzekela ukuqokwa kwabantu abazokwehlulela; ukuhlinzekela isigungu sabantu abazokweluleka ngesikhathi sokwahlulela; ukuhlinzekela isinqumo sabeluleki bokwahlulela kanye nesinqumo sezindaba ezifana nalokhu; ukuhlinzekela izinhlinzeko zesikhashana; kanye nokuhlinzekela izindaba ezifana nalezi.

Imibuzo kanye nezethulo ezibhaliwe kungaqondiswa kuPortfolio Committee on Labour (zibhekiswe: ku**Mnu Zolani Sakasa**, Parliament of RSA, P.O. Box 15, Cape Town, 8000 noma uthumele i-imeyili ku **zsakasa@parliament.gov.za.**

Phezu kwezethulo ezibhaliwe, sicela usho uma ungathanda ukwenza isethulo sakho ngomlomo phambi kweKomidi.

Usuku lokugcina lwezethulo ezibhaliwe uLwesihlanu mhla zingama-16 kuNdasa 2018 ngo-16:30.

Amakhophi oMthethosivivinywa angatholakala ku**Mnu Zolani Sakasa** kule nombolo yocingo. **021 403 3735**, umakhalekhukhwini: **083 709 8488** noma ku **www.parliament.gov.za.**

Ikhishwe nguNkz FS Loliwe, iLungu lePhalamende, uSihlalo weKomidi leNdlu yesiShayamthetho sikaZwelonke kwezabaSebenzi.